

# Ukuzalwa kukaJesu

UJosefa noMariya basuka emzini waseNazaretha baya emzini waseBhetlehema.

© Bible Society of South Africa 2020



Kuthe sebeseBhetlehema
uMariya wazibula ngomfana.

Wamsonga ngendwangu wamlalisa
emkhombeni odlela izinkomo.

Kuthe uma befika
eBhetlehema,
abaze bayithola indawo
endlini yezihambi.



© Bible Society of South Africa 2020



Kwakukhona abelusi ababelusile
endle kusebusuku.

Babelinda imihlambi
yezimvu zabo.



© Bible Society of South Africa

Kwaqhamuka ingilosi
kaSimakade yema
phambi kwabelusi.

Inkazimulo kaSimakade
yabakhanyisa.

Bashaywa uvalo
olukhulu.

Ingilosi yathi kubo:
"Musani ukwesaba!
Ngize lapha nezindaba ezimnandi.

Hambani nimfune.



Kuzelwe uJesu khona
namhlanje eBhetlehema.
UyiNkosi.

Niyofica usana lusongwe ngendwangu
lulele emkhombeni wezinkomo."

© Bible Society of South Africa 2020

Akudunyiswe uNkulunkulu!

Akudunyiswe uNkulunkulu!



Kuthe kungazelelwe kwaba khona isixuku esikhulu sezingilosi zasezulwini, sihuba sithi:

"Akudunyiswe uMvelinqangi kweliphezulu, ukuthula kuvame emhlabeni kubantu athokoza ngabo."

© Bible Society of South Africa 2020

Izingilosi zase ziphindela ezulwini.



Abelusi bamemana bathi:
"Asihambeni siye eBhetlehema
siyobona lento eyenzekileyo!"

Base bephuthuma beya lapho,
bafica uMariya noJosefa
bayibona nengane ilele
emkhombeni wezinkomo.



© Bible Society of South Africa 2020

Kwafika amadoda ayizazi efuna uJesu.

Ayevela kude empumalanga.

Abona inkanyezi.
Inkanyezi yawasiza ukuba athole
lapho uJesu ekhona.





Inkanyezi yahamba phambi kwezazi
yaze yema phezu kwendawo
okwakukhona kuyo ingane.

Kwathi ukuba izazi ziyibone
inkanyezi zathokoza kakhulu.

© Bible Society of South Africa 2020



Izazi zangena endlini.

Zathi ukuba zibone ingane
nonina uMariya zaguqa
zakhuleka kuyo.

© Bible Society of South Africa 2020


Zakhipha izipho
ezaziziphathele ingane.

Kwakukhona igolide nempepho
nenhlaka engamakha.



# Ukulungisa amagama axoviwe

Buka isithombe bese ulungisa.



| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| n | i | l | i | o | i | s | g |
| | n | | | | | | |



| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| y | e | n | i | k | z | n | a |
| | k | | | | | | |



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| e | u | j | s | u |
| | | e | | |

© Bible Society of South Africa 2020

# Isiphicaphico sezinombolo

Faka izinombolo ezifanele ebhulokhini.


| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| 1 | + | 1 | = | |
| + | | + | | + |
| 2 | + | 3 | = | |
| = | | = | | = |
| | + | | = | |

3 − 1 = ☐

2 − ☐ = 0

☐ + 2 = 6

© Bible Society of South Africa 2020



Umuzi waseKhana.

Kwakunodwendwe ngelinye ilanga.

Lwalusinela emzini waseKhana.

© Bible Society of South Africa 2020


Kwakumenywe noJesu
nabafundi bakhe.





Unina kaJesu naye wayeyile.
Base bephelelwa yiwayini.

© Bible Society of South Africa 2020



Unina kaJesu usethi kuye:
"Abasenalo iwayini."

Kodwa uJesu wathi kuye:
"Ngicela ukuba ungangifundisi engizokwenza.

Isikhathi sami asikafiki."



© Bible Society of South Africa 2020

Unina wayesethi ezincekwini:
"Yenzani noma yini ayishoyo!"





Kwakunemigqomo yamanzi
eyisithupha eyakhiwe ngetshe.

© Bible Society of South Africa 2020



UJesu wathi ezincekwini:
"Gcwalisani lemigqomo ngamanzi!"

Zayigcwalisa swi.

UJesu wayesethi ezincekwini:
"Ake nikhe amanzi niwase
kumuntu ophethe idili."



© Bible Society of South Africa 2020

Umphathi wedili wawezwa amanzi.
Kodwa kwakungasewona amanzi.


Amanzi ayesephenduke
aba yiwayini.



© Bible Society of South Africa 2020

Umphathi wedili wayengazi
ukuthi iwayini livelephi.

Wayesebiza umganwa
wathi kuye:
"Kuyaye kwabiwe iwayini
elimnandi kuqala,
kodwa wena ugodle iwayini
elimnandi kwaze kwaba manje."



© Bible Society of South Africa 2020


UJesu waqalisa ngalesisimanga wasenza eKhana.

Kusukela lapho-ke abafundi bamkholwa.



## Isiphicaphico samagama

Qondanisa igama nesithombe.




1. 

2. 

3. 

4. 

© Bible Society of South Africa 2020

# Umdlalo wokuthi kuyiqiniso noma akusilo

Yisho ukuthi isitatimende siyiqiniso noma akusilo iqiniso.

| | | |
|---|---|---|
| $2 > 3$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $4 < 7$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $5 > 1$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $6 < 8$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $10 = 5 + 5$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $1 + 2 > 4$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $6 + 2 = 4 + 4$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $3 - 0 = 3$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |
| $4 + 3 < 6$ | ☐ yiqiniso | ☐ akusilo iqiniso |


© Bible Society of South Africa 2020



# UmSamariya onesihawu

Langalimbe uJesu
wayekhuluma kubantu.

© Bible Society of South Africa 2020



Wabuzwa yindoda yathi:
"Umngane wami
weqiniso ngubani?"

UJesu wayesexoxela
abantu lendaba.

Kukhona indoda eyayizihambela
emgwaqweni.





Yayisibanjwa
yizigebengu.

© Bible Society of South Africa 2020



Zayikhumula izingubo zayishaya.

Indoda lena yalala
phansi iqulekile.
Izigebengu zayishiya
khona lapho.



© Bible Society of South Africa 2020



Kwase kuqhamuka umphristi
eza ngomgwaqo.

Wanele wayibona indoda,
wayigwema wadlula eceleni.



© Bible Society of South Africa 2020

Kwase kuqhamuka futhi umLevi naye eza ngomgwaqo, engumuntu owayekhonza ethempelini.



Waya kulomuntu, wafike wambuka, wamgwema wadlula ngendlela.



© Bible Society of South Africa 2020

Kodwa kwaqhamuka
umSamariya ezihambela
ngayo leyondlela.
Wayevela kwelinye izwe.





Kwathi ukuba umSamariya
ambone wezwa
emdabukela kabi lomuntu.
Wasondela kuye.

© Bible Society of South Africa 2020



Wayesemthela ngewayini namafutha emanxebeni wambopha.

Wayesemkhweza embongolweni yakhe.




© Bible Society of South Africa 2020





UmSamariya wathatha lomuntu wamusa endlini yezihambi.

UmSamariya wayesemnakekela lomuntu endlini yezihambi.



© Bible Society of South Africa

Ngomuso wakhipha izinhlamvu ezimbili zemali eyisiliva.

Wazinika umnikazi wendlu yezihambi wathi kuye: “Ngibhekele yena! Kuyothi uma sengibuya ngayo lendlela ngiyokukhokhela ngakho konke oyomenzela khona.”

Kuthe uJesu eseyixoxile indaba wayiqeda, wabuza wathi: "Yimuphi kulaba owaba ngumngane weqiniso kulomuntu owayekade eshaywa na?"

Impendulo yathi: "Yilona owaba nesihe kuye."

UJesu wathi: "Nawe kufanele ube nesihe njengaye umSamariya lowo."



## Thola amagama

Thola amagama asohlwini nelilodwa elicashile.

- usizo
- umsamariya
- uhlamvu
- izingubo
- izigebengu
- umgwaqo
- umpristi
- imbongolo

| | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| u | s | i | z | o | n | i | u | e | n | t |
| u | c | z | a | j | e | m | m | l | c | e |
| h | o | i | m | u | i | b | s | g | e | u |
| l | d | g | a | s | d | o | a | i | d | m |
| a | o | e | d | a | o | n | m | d | o | p |
| m | u | b | i | z | i | g | a | w | a | r |
| v | j | e | s | u | s | o | r | i | e | i |
| h | e | n | u | b | e | l | i | r | l | s |
| u | m | g | w | a | q | o | y | l | g | t |
| s | a | u | m | b | o | g | a | s | e | i |
| a | h | o | i | z | i | n | g | u | b | o |

© Bible Society of South Africa 2020

# Ukuphindaphinda Okuxubile

Phendula imibuzo yokuphindaphinda ngezansi.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| 1 | × | 2 | = | 2 |
| 2 | × | 3 | = | |
| 3 | × | 1 | = | |
| 2 | × | 4 | = | |
| 5 | × | 2 | = | |
| 3 | × | 3 | = | |
| 2 | × | 6 | = | |
| 3 | × | 4 | = | |

© Bible Society of South Africa 2020



UJesu wakhwela esikebheni.

Abafundi bakhe nabo
babesesikebheni.

© Bible Society of South Africa 2020

Base bewela baya kolunye
uhlangothi lwechibi.



© Bible Society of South Africa 2020



UJesu wayelele esikebheni ngemuva.

Kwaqubuka isiphepho esesabekayo,
sabhenguza phezu kwechibi.




© Bible Society of South Africa 2020



Amagagasi ayeseqala ukungena esikebheni. Isikebhe sacishe sagcwala amanzi.

UJesu kodwa wayelokhu esalele.




© Bible Society of South Africa 2020

Abafundi baya kuJesu base bemvusa.

Bathi kuye: “Sisindise Nkosi!
Isikebhe sigcwala amanzi manje.
Nakhu sifa bo!”



UJesu wathi:
“Nesabani?
Ingani ngikhona mina
ngikanye nani.”




© Bible Society of South Africa 2020

Wayesesukuma uJesu. Wakhuza isiphepho namagagasi ukuba kuthule.


UJesu wathi: "Thula uthi nya!"





Kwathula kwathi cwaka.

© Bible Society of South Africa 2020




Abafundi bamangala
bashaywa uvalo.

Bakhuluma bodwa bathi:
"Ungubani kanti lomuntu?
Imbala ulalelwa yiziphepho
namagagasi."

© Bible Society of South Africa 2020

UJesu nabafundi bakhe bagwedla badabula ichibi.



## Qedela amagama

Gcwalisa ngezinhlamvu zemisindo uqedele indaba ngezansi.

1. UJesu wangena
_ _ _ k _ _ h _ _ i

2. Bawelela ngaphesheya
k _ _ _ i _ _

3. UJesu wayengakavuki
_ _ _ e _ _ l _

4. Kwaba khona isiphepho
_ s _ _ h _ _ u

5. Umkhumbi wawufuna
_ _ u _ _ _ _

6. U _ _ _ _ wakhuza isiphepho nesivunguvungu

7. Isiphepho s _ _ h _ _ _

© Bible Society of South Africa 2020

# Thola indlela yokwenza

Sifika kanjani ezimpendulweni ezingezansi?

- 8
- 14
- 12
- 6
- 9
- 11

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| 7 | + | 12 | − | 9 |
| + | 4 | ÷ | 5 | + |
| 7 | × | 2 | × | 4 |
| − | 3 | × | 3 | + |
| 6 | + | 5 | ÷ | 6 |

© Bible Society of South Africa 2020



# UZakewu

Kunomuntu
okwakuthiwa
unguZakewu.

Babemazi bonke
abantu.



© Bible Society of South Africa 2020



UZakewu wayecebile.
Abantu babengamthandisisi.

Umthetho wakhe
wayengethembekile.

UZakewu wayethelisa abantu.

Imali ayiqoqayo kungeyenkosi.



© Bible Society of South Africa 2020



Ngolunye usuku uJesu
waya eJerikho.

UZakewu wayehlala eJerikho.
UZakewu wayezama ukubona
ukuthi uJesu ungubani.



© Bible Society of South Africa 2020



UZakewu wagijima phambi
kwesixuku wakhwela emthini.



UZakewu wehluleka
ngoba emncanyana.

© Bible Society of South Africa 2020

Wakhwela emthini
ukuba abone uJesu.



Kuthe uJesu angafika
kuleyondawo wabuka phezulu.



UJesu wathi:
"Shesha wehle, Zakewu!
Ngiza kwakho namhlanje."

© Bible Society of South Africa 2020



UZakewu wehla ngokushesha.

UZakewu wangenisa uJesu kwakhe.



© Bible Society of South Africa 2020

UZakewu
wajabula kabi.



Abantu bakubuka lokhu
bakhonona.


Bathi:
"UJesu ungenise kumuntu
ongalungile."



© Bible Society of


UZakewu wasukuma wathi kuJesu:

"Nkosi, ngizokwephana ngenxenye
yenginakho ngikunike abampofu.



Uma ngabe ngiqole umuntu
ngizombuyisela sekuphindwe kane."

UJesu wathi:
"Namhlanje konke kulungile
nakuyo lendlu.
Ngize ukuba ngithole abantu
abalahlekileyo.
Ngizile lapha ukuba ngibasindise."



© Bible Society of South Africa 2020

Manje ujabule ufile uZakewu.



# Thola iphutha

Thola bese uyakokelezela iphutha emagameni abhalwe ngezansi.

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| m | m | t | h | e | t | h | o |
| n | i | i | q | o | l | e | |
| e | m | t | h | i | n | e | |
| i | m | a | l | e | | | |
| b | o | m | k | e | | | |
| n | k | o | s | s | | | |
| w | e | t | l | a | | | |
| u | j | e | e | u | | | |



© Bible Society of South Africa 2020

# Ukubala izinhlamvu

Siza uZakewu abale izinhlamvu zakhe.



1c + 2c + 5c = 

2c + 5c + 10c = 

1c 1c 1c + 5c + 20c = 

2c 2c + 5c 5c + 10c 10c = 

1c 1c + 5c + 10c + 50c = 

© Bible Society of South Africa 2020



# UJesu uyaphila

Wasuka uJesu nabafundi bakhe baya esivandeni.

UJesu wakhuleka wathi: "Baba, yenza lokho othanda ukukwenza ngami."



© Bible Society of South Africa 2020



Kwase kufika uJudasi.
Wayehamba nabantu bephethe izinkemba namawisa.

Bafika babamba uJesu.
Bamthatha uJesu bamusa kwampristi omkhulu.

Umpristi omkhulu wabuza uJesu wathi:


"UyiNdodana kaNkulunkulu wena na?"
UJesu waphendula wathi:
"Ngiyiyona."

Umpristi omkhulu wabuza umkhandlu wathi:
"Asenzeni ngoJesu na?"

Bonke baphendula bathi: "Akafe!"



© Bible Society of South Africa 2020




Abantu bathatha uJesu bamusa kuPilatu. Amabutho ayesemkhumula izingubo. Agqokisa uJesu ingubo ebubende.



Ayesemelukela umqhele wamahlamvu anameva.

Amabutho ayesembhinqa uJesu. UPilatu wathi: “Salani senimbethela esiphambanweni afe.”

Ayesemthatha uJesu amusa endaweni okuthiwa kuseGolgotha. Elithi Golgotha lichaza ukuthi kusoGebhezini lweKhanda.





© Bible Society of South Africa 2020

Amabutho abethela uJesu
esiphambanweni.



UMariya unina kaJesu wayemi
khona lapho eduze.

Wayemi eduze kukaJohane,
umfundi ayemthanda kabi uJesu.

UJesu wathi kunina:
"Lona uyindodana yakho."

Wayesethi kumfundi wakhe:
"Lona ungunyoko."


UJohane wathatha
uMariya wamhlalisa
emzini wakhe.



UJesu washo
ngezwi elikhulu.
Wabe uyafa njalo.

© Bible Society of South Africa 2020





Base bemehlisa
esiphambanweni uJesu.

Bambeka ethuneni
elalisesivandeni eduze lapho.

Babeka itshe elikhulu bavala ithuna.

NgeSonto ekuseni kwasuka abantu
besifazane baya ethuneni.

© Bible Society of South Africa 2020

Babona itshe seligudluziwe.
Kodwa uJesu wayengekho lapho.

Babona ingilosi eyayivela ezulwini.
Ingilosi yathi kwabesifazane:
"UJesu uyaphila.
Hambani nitshele abafundi bakhe!"



Ngalo lelolanga abantu ababili babeya emzini waseEmawusi.

Bakhuluma ngazo zonke izinto ezazenzekile.
Babedabuke kabi.

UJesu weza wahambisana nabo.
Babengazi ukuthi unguJesu.



© Bible Society of South Africa 2020



UJesu wakhuluma kubo.
Wabatshela ukuthi uJesu
ubevele ezokufa.

Base befika emzini.
Amadoda athi kuJesu:
"Sicela uhlale nathi."



UJesu wangenisa kanye nabo.
Bahlala phansi ukuba badle.

© Bible Society of South Africa 2020



UJesu wabongela isinkwa leso.
Amadoda ayesebona ukuthi nguJesu.
Kodwa uJesu wanyamalala.

Amadoda abuyela eJerusalema
ngaso lesosikhathi.

Axoxela abangane bawo
ngokwenzekileyo.

Athi ambonile uJesu.



© Bible Society of South Africa 2020

Kuthe esebaxoxela lokhu,
uJesu luqobo lwakhe wema
phakathi kwabo bengazelele.
Abantu bashaywa uvalo kabi.

UJesu wathi kubo:
"Yimina uqobo lwami."



Base bejabula kakhulu.
Base bazi ukuthi uJesu uyaphila.

## Thola isixazululo salenkinga

Yilolo nalolo hlamvu lomsindo luxhumene nenamba. Ungasithola isixazululo ngezansi?

| 21 | 13 | 16 | 8 | 18 | 9 | 19 | 20 | 9 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | m | | | | | s | | |

| 1 | 13 | 1 | 2 | 21 | 20 | 8 | 15 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | | |

| 2 | 1 | 6 | 21 | 14 | 4 | 9 |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | |

| 21 | 16 | 9 | 12 | 1 | 20 | 21 |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | |

| a | b | c | d | e | f | g | h | i | j | k | l | m |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1 | 2 | 3 | 4 | 5 | 6 | 7 | 8 | 9 | 10 | 11 | 12 | 13 |

| n | o | p | q | r | s | t | u | v | w | x | y | z |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 14 | 15 | 16 | 17 | 18 | 19 | 20 | 21 | 22 | 23 | 24 | 25 | 26 |

© Bible Society of South Africa 2020

# Ithebula lokuphindaphinda (1-10)

| 1x | 2x | 3x | 4x | 5x |
|---|---|---|---|---|
| 1 x 1 = 1 | 2 x 1 = 2 | 3 x 1 = 3 | 4 x 1 = 4 | 5 x 1 = 5 |
| 1 x 2 = 2 | 2 x 2 = 4 | 3 x 2 = 6 | 4 x 2 = 8 | 5 x 2 = 10 |
| 1 x 3 = 3 | 2 x 3 = 6 | 3 x 3 = 9 | 4 x 3 = 12 | 5 x 3 = 15 |
| 1 x 4 = 4 | 2 x 4 = 8 | 3 x 4 = 12 | 4 x 4 = 16 | 5 x 4 = 20 |
| 1 x 5 = 5 | 2 x 5 = 10 | 3 x 5 = 15 | 4 x 5 = 20 | 5 x 5 = 25 |
| 1 x 6 = 6 | 2 x 6 = 12 | 3 x 6 = 18 | 4 x 6 = 24 | 5 x 6 = 30 |
| 1 x 7 = 7 | 2 x 7 = 14 | 3 x 7 = 21 | 4 x 7 = 28 | 5 x 7 = 35 |
| 1 x 8 = 8 | 2 x 8 = 16 | 3 x 8 = 24 | 4 x 8 = 32 | 5 x 8 = 40 |
| 1 x 9 = 9 | 2 x 9 = 18 | 3 x 9 = 27 | 4 x 9 = 36 | 5 x 9 = 45 |
| 1 x 10 = 10 | 2 x 10 = 20 | 3 x 10 = 30 | 4 x 10 = 40 | 5 x 10 = 50 |

| 6x | 7x | 8x | 9x | 10x |
|---|---|---|---|---|
| 6 x 1 = 6 | 7 x 1 = 7 | 8 x 1 = 8 | 9 x 1 = 9 | 10 x 1 = 10 |
| 6 x 2 = 12 | 7 x 2 = 14 | 8 x 2 = 16 | 9 x 2 = 18 | 10 x 2 = 20 |
| 6 x 3 = 18 | 7 x 3 = 21 | 8 x 3 = 24 | 9 x 3 = 27 | 10 x 3 = 30 |
| 6 x 4 = 24 | 7 x 4 = 28 | 8 x 4 = 32 | 9 x 4 = 36 | 10 x 4 = 40 |
| 6 x 5 = 30 | 7 x 5 = 35 | 8 x 5 = 40 | 9 x 5 = 45 | 10 x 5 = 50 |
| 6 x 6 = 36 | 7 x 6 = 42 | 8 x 6 = 48 | 9 x 6 = 54 | 10 x 6 = 60 |
| 6 x 7 = 42 | 7 x 7 = 49 | 8 x 7 = 56 | 9 x 7 = 63 | 10 x 7 = 70 |
| 6 x 8 = 48 | 7 x 8 = 56 | 8 x 8 = 64 | 9 x 8 = 72 | 10 x 8 = 80 |
| 6 x 9 = 54 | 7 x 9 = 63 | 8 x 9 = 72 | 9 x 9 = 81 | 10 x 9 = 90 |
| 6 x 10 = 60 | 7 x 10 = 70 | 8 x 10 = 80 | 9 x 10 = 90 | 10 x 10 = 100 |

© Bible Society of South Africa 2020